*"Ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana yakhe ezelwe yodwa ukuba yilowo nalowo okholwa yiyo angabhubhi, kodwa abe nokuphila okuphakade."*

## Ngabe uyaludinga yini usizo?

Uma unemibuzo noma kukhona usizo oludingayo, ngicela usithinte.



Manje nazi

# Izindaba ezinhle

ngu Leigh Robinson



Manje nazi

IZINDABA EZINHLE

Izindaba ezimnandi ngaphezu kwazo zonke umuntu angazizwa zitholakala evesini elaziwa kakhulu, ngokukaJohane 3:16,

*"Ngokuba **uNkulunkulu** walithanda **izwe** kangaka, waze wanikela nge**Ndodana** yakhe ezelwe yodwa ukuba yilowo nalowo okholwa yiyo angabhubhi, kodwa abe nokuphila okuphakade."*

Amagama agqanyisiwe awukhiye wokusisiza siqonde izindaba ezinhle ngokucacile.

## 2. NGENXA YOKUZINIKELA KWAKHO

*"Ngokuba bonke abakhuleka egameni leNkosi bayakusindiswa."*

Roma 10:3

Ngabe umbizile na? Yena uzofeza isethembiso sakhe.

## 3. NGENXA YOKUBA KHONA KUKAMOYA ONGCWELE EMPILWENI YAKHO

*"Ngalokho siyazi ukuthi sihlala kuye, naye kithi, ngokuba usiphile okukaMoya wakhe."*

1 Johane 4:13

*"Yena lowo Moya ufakaza kanye noMoya wethu ukuthi singabantwana bakaNkulunkulu."*

Rom 8:16

Ukuba khona kukaMoya Ongcwele kuzobonakala ngezinguquko azozenza empilweni yakho.

# Isimemo

Ungathanda ukwamukela uJesu empilweni yakho njengamanje? Ngabe lomkhuleko usho kona yini lokho othanda ukukusho?

*Nkulunkulu othandekayo, ngiyavuma ukuthi ngiyisoni esidinga ukuthethelelwa. Ngiyabonga ngokungithanda nokufela izono  zami. Ngicela ungithethelele izono zami bese ungene empilweni yami. Ngisize ukuthi ngikulandele futhi ngikulalele njengeNkosi yami.*

*Amen!*

Ungawukhuleka yini lomkhuleko noma uveze okucabangayo ngawakho amazwi?

# Ungazi

Ungazi ukuthi uJesu usengenile empilweni yakho:

### 1. NGENXA YESETHEMBISO SAKHE

*"Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini: Ozwa izwi lami, akholwe ongithumileyo, unokuphila okuphakade; akayi ekwahlulelweni, kepha usephumile ekufeni , wangena ekuphileni."*

Johane 5: 24

# UNkulunkulu

Ukuze siqonde izindaba ezinhle kumele siqale ngokubuza ukuthi, UNkulunkulu unjani?

### UNkulunkulu ungcwele

*"UNkulunkulu ungukukhanya, ubumnyana abukho kuye nakanye."*

1 John 1:5

"Ukukhanya" kumele ubumsulwa, ukungabinasono, ukulunga, ukuphelela, nobungcwele.

Umthetho kaNkulunkulu noma imithetho eyishumi etholakala ku- Eksodusi 20, isinika izinga okufanele silinganise ngalo ubungcwele. Ukuba besingagcina umthetho kaNkulunkulu ngokuphelele, ngaphakathi esimweni sokubheka kwenhliziyo nangaphandle ezenzweni zethu, besiyoba ngcwele.

## UNKULUNKULU ULUTHANDO

*"UNkulunkulu uluthando."*

1 John 4:8

Unesihawu, unesihe, unobubele futhi ulungile.

Kubalulekile ukukhumbula ukuthi ubungcwele bukaNkulunkulu nothando lwakhe akuphikisani. Kuyizingxenye ezimbili zohlamvu olulodwa. Konke akwenzayo uNkulunkulu kubuswa ubungcwele nothando lwakhe.

Igama lesibili elingukhiye kuJohane 3:16 lithi ......

*"Ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana yakhe ezelwe yodwa ukuba yilowo nalowo okholwa yiyo angabhubhi, kodwa abe nokuphila okuphakade."*

## KUYINI LOKHU KUPHILA OKUPHAKADE NA?

Ukuphila okuphakade akuqali uma ufa. Kuqala ngesikhathi wamukela uJesu empilweni yakho ngokukholwa. "Onayo iNdodana unokuphila" (1 Joh 5:12). Kuyimpilo egcwele intokozo, ukuthula nenhloso kaNkulunkulu – ngisho nangezikhathi zokuhlupheka nosizi. UJesu wathi,

*"Ngize ukuba babe nokuphila, babe nakho kuchichime"*

Johane 10:10

Lokhu akukhona okwakusasa kodwa okwamanje. Labo abangenakho ukuphila okuphakade bayabhubha. Bakhokha inani ngezono zabo – ukudingiswa ingunaphakade kuNkulunkulu.

## SISITHOLA KANJANI LESISIPHO?

- Qonda ukuthi uyisoni.
- Phenduka esonweni sakho. Zimisele ukuhlukana nesono.
- Yamukela uJesu empilweni yakho.

# OKHOLWA

*"Ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana yakhe ezelwe yodwa ukuba yilowo nalowo okholwa …."*

Umsebenzi kaJesu Kristu awuvele nje usindise zonke izoni ngokwawo, kunekhondishini (condition) oncike kuyo. Kumele sikholwe nguye.

## KUSHO UKUTHINI UKUKHOLWA NGUYE?

NgokweBhayibheli ukukholwa kungaphezulu kokwazi nokuvuma amaqiniso ngoJesu. Ukukholwa kuJesu ukumethemba, ukubambelela kuye, nokuncika kuye. Ukukholwa kuJesu ukumamukela empilweni yakho.

*"Kepha bonke abamamukelayo wabapha amandla okuba babe ngabantwana bakaNkulunkulu, labo abakholwa egameni lakhe."*

Johane 1:12

Umphumela oyisimanga wokukholwa nguJesu uthenjisiwe ku Johane 3:16.

# IZWE

*"Ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe ….."*

"Izwe" yizwe labantu, kubalwa nawe kulona. Ukuze siqonde ngokucacile izindaba ezinhle kumele sibuze ukuthi, IBhayibheli lithini ngabantu?

## SIYIZONI NGOKWEMVELO

*" Bheka ngazalelwa ebubini, umame wangithabatha esonweni."*

AmaHubo 51:5

Kusukela esonweni somuntu wokuqala, u-Adamu, bonke abantu bazalwe nemvelo yesono, noma bagobele ngasekwenzeni okungalungile. (Rom 5:12) Akudingeki ukuthi abazali bafundise abantwana babo ukwenza okungalungile. Kuyazenzakalela.

## SIYIZONI NGOKOKWENZA

*"Bonke bonile, basilalelwe yinkazimulo kaNkulunkulu."*

Rom 3:23

Ukona ukushaya eceleni, “ugeje umaka.” Bonke abantu bawugejile umaka baba ngaphansi kwezinga likaNkulunkulu ngokuphula imithetho yakhe ngamabomu.

Imvelo yesono yomuntu izikhombisa yona lapho umuntu enza isono. Siyona ngoba siyizoni ngokwemvelo.

## SEHLUKENE NONKULUNKULU

*“Ububi benu bunahlukanisile noNkulunkulu, nezenzo zenu zibusithile ubuso bakhe kini”.*
Isaya 59:2

Ukwazi ngoNkulunkulu, ukukholwa ukuthi ukhona noma ukwazi ngobukhona bakhe (being aware of Him) akufani nokuba nobudlelwane naye. Isono siyasivimba ekutheni sithokozele ubudlelwane noNkulunkulu ongcwele.

## SONKE SIBHEKENE NOKWAHLULELA KUKANKULUNKULU

*“Inkokhelo yesono ngukufa”*
Roma 6:23

UNkulunkulu olungile ngeke asishaye indiva isono. Uma umthetho kaNkulunkulu wephuliwe kukhona inhlawulo esizoyikhokha.

*“Kumiselwe ukuthi abantu bafe kanye, emva kwalokho ukwahlulelwa.”*
AmaHeberu 9:27

Uma ubheka ubungcwele bukaNkulunkulu nokona komuntu, ayikho enye indlela yokuthi sithethelelwe isono somuntu nokuthi abuyiselwe ebudlelwaneni noNkulunkulu ngaphandle kukaJesu.

Igama lesine elingukhiye kuJohane 3:16 elithi ........

## 4. UJESU WAVUSWA KWABAFILEYO

*"Ngokuba okukuqala nganinika lokho engakwamukela nami ukuthi uKristu wafa ngenxa yezono zethu njengokwemibhalo, nokuthi wembelwa, nokuthi wavuswa kwabafileyo ngosuku lwesithathu njengokwemibhalo, nokuthi wayesebonwa ….."*

1 Kor 15:3-5

Indaba yokuvuka kukaJesu iqiniso lomlando elinobufakazi obuningi futhi obethembekile. Kuqinisekisa ubuqiniso bezifundiso zakhe bese kuveza ukuthi uNkulunkulu wakwamukela ukufa kwakhe njengenkokhelo yezono zethu.

## 5. UJESU NGUYENA YEDWA UMSINDISI

*UJesu wathi kuye: "Mina ngiyindlela, neqiniso, nokuphila; akakho oza kuBaba ngaphandle kwami."*

Johane 14:6

*"Ngokuba munye uNkulunkulu, munye nomlamuleli phakathi kukaNkulunkulu nabantu, umuntu uKristu uJesu."*

1 Thim 2:5

## ASIKWAZI UKUZISINDISA THINA

*"Ngokuba ngomusa nisindisiwe ngokukholwa; nalokhu akuveli kini, kuyisipho sikaNkulunkulu; akuveli ngemisebenzi, ukuze kungabikho ozibongayo."*

1 John 4:8

Abantu abaningi benza iphutha ngokucabanga ukuthi uma imisebenzi yabo emihle iminingi kunezono zabo bayophepha ngosuku lokwahlulelwa. Ngephutha babeka ithemba emisebenzini yabo emihle noma enkolweni. Kodwa imisebenzi emihle noma inkolo ayikwazi ukususa izono zethu noma yenze uNkulunkulu azishaye indiva.

Igama lesithathu elingukhiye kuJohane 3:16 elithi …….



# INDODANA

*"Ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka waze wanikela ngeNdodana …."*

INdodana kaNkulunkulu okungukuphela kwayo yiNkosi uJesu Kristu.

Lithini iBhayibheli ngoJesu?

## 1.UJESU UNGUNKULUNKULU ENGUMUNTU

*"Bheka, intombi iyakukhulelwa, izale indodana; bayiqambe igama lokuthi u-Emanuweli," okungukuthi ngokuhunyushwa 'UNkulunkulu unathi'".*

Mathewu 1:23

Isimangaliso ukuthi umntwana owazalwa yintombi uMariya wayenguNkulunkulu ngokuphelele engumuntu ngokuphelele futhi.

## 2.UJESU WAPHILA IMPILO ENGENASONO

*"Senazi ukuthi yena wabonakaliswa, ukuze asuse izono; akukho sono okuye".*

1 Johane 3:5

Nakuba walingwa ngazo zonke izindlela njengabantu bonke, uJesu akazange one. Njengomuntu wawugcina ngokuphelele umthetho kaNkulunkulu.

## 3. UJESU WAFA ENDAWENI YETHU

*"Thina sonke sidukile njengezimvu; yilowo nalowo uphendukele endleleni yakhe; uJehova wehlisela phezu kwayo ububi bethu sonke."*

Isaya 53:6

*"Yena owathwala izono zethu emzimbeni wakhe emthini".*

1 Petru 2:24

*"Ngokuba naye uKristu wahlupheka kwaba kanye ngezono, olungileyo ngenxa yabangalungile ukuba asiyise kuNkulunkulu."*

1 Petru 3:18

Ngenxa yokuthi uJesu wathwala ukwahlulela kukaNkulunkulu endaweni yezoni, uNkulunkulu uyakwazi ukuthethelela isono ngaphandle kokuphambana nobulungiswa bakhe.